Umbhali usilandisa ngomlando wabaMbo baseHopewell

NGITHANDA ukuthi kengithi nqampunqampu umlando wabaMbo bakwaMkhize baseMfeni eHopewell eNsuka nakwezinye izindawo ezakhele le ndawo eziyingxenye yaleya ndawo okuthiwa kuseNsangwini (Thornville). Kuncane kakhulu ongakuthola ezindaweni ezizigcinamlando (*archives*) emitatsheni yolwazi nasezindaweni eziyizigcinamagugu (*museums*) ngomlando wabantu kanye nendawo yaseHopewell. Ngokolwazi engaluthekela kobaba nakoMkhulu wami uMseshi kanye nakwabanye abantu abadala bakuleya ndawo, nasemilandweni engashicilelwe, abantu bakwaMkhize kanye nezinye izibongo ezakhele le ndawo yaseHopewell bangabaMbo baseMfeni beNkosi uMlulama kaSiyingele kaZihlandlo.

Njengabanye abaMbo bakwaMkhize abatholakala kulo lonke leli laKwaZulu-Natal bafika endaweni yaseNsuka kudala ngeminyaka iyowe-1832 ngemuva kokuba iNkosi uDingane esebulele zonke izikhulu naMakhosi ayengabangani beNkosi uShaka engingabala iNkosi uZihlandlo kaGcwabe, uMagaye Cele, uNgwadu nabanye. Iningi labo lalisuka endaweni yaseNsukangihlale kwelakwaZulu, yingakho le ndawo yaziwa ngokuthiwa kuseNsuka.

Kwathi uma abaMbo besakazeka lonke izwe leli, bona bakhetha ukugudla umfula uMlazi baze bayofika lapho uhlangana khona nomfula uMkhuzane, abanye bedlula baya koStoni, eMbumbulu, eMkhomazi, eRichmond, eXobho, kanye nasePort Shepstone. Ngesikhathi befika kulo mfula uMkhuzane babona ufana ncimishi nomfula uMkhuze otholakala kwelaKwaZulu base bewetha igama bathi lona nguMkhuzane ngoba wona mncane kunoMkhuze. Babehamba bakha yonke indawo. USichwe kaMagabha kaMbangi kaKhabazela kaMavovo wasendlini kaMavovo yakwaNgcindezi yena wafike wakha ngenhla lapho kuhlangana khona imifula uMkhuzane noMlaza phezu kwegqunyana, nanamuhla isibaya samatshe nenxiwa lakhe kusekhona.

Wayeyinduna yaBambo bakaSiyingela baseTala, kwaGudlintaba eNgomankulu, eNsuka kanye naseMkhuzane ngeminyaka yowe-1832 kuya kowe-1850. Kuthiwa imizi eyayakhe eNsuka ngaleso sikhathi yayingevile ekhulwini. Kwakuthe gqwa gqwa amaqhugwana. Ngaleso sikhathi babengekho abelungu.

Ngokusho kukaMfundisi uBryant encwadini yakhe ethi Olden Times in Zululand and Natal, uthi ngesikhathi kufika abalimi bamaDashi eNatal namaBhunu ngowe- 1838, bafica abaMbo sebevele sebekhona futhi bakhile. USolwazi uDe Haan ku*thesis* yakhe uyavumelana nalokhu lapho ethi khona, 'uSiyingela, indlalifa kaZihlandlo, wahamba wayokwakha eMlaza, eCamperdown njalonjalo. UBhambatha kaTshabase kaMavovo nomnewabo uGebula (umzala kaZihlandlo noSambela) ibona bobabili abasuka kuqala bahamba bayofuna izwe,

Ibandla iZCC umbhali akhuluma ngalo

babehamba nabanye abantu. Owayehola abaMbo ngesikhathi sofuduko kwelakwaZulu ngowe-1832 kwakunguMsengi umfowabo kaZihlandlo ngoba uSiyingela wayesemncane.

Lokhu kufakazelwa nanguMorgans J.F.C encwadini yakhe esihloko sithi: More Than Dust uthi eHopewell maduze nomfula uMlazi abantu ababehlala khona ngeminyaka yowe-1838 babexoxa bethi babaleka bayocasha ezindongeni ngenkathi bebona amaBhunu edlula ngakhona. Babesaba izibhamu ezaziphethwe ngamaBhunu. Lesi sigameko senzeka ngowe-1838 ngenkathi amaBhunu elwa neNkosi uDingane. Ngaphambi kokuthi kwakhiwe umbuso wamakoloni eNatal ngowe-1846. Ubaba omkhulu uMseshi wathi ukhokho uSichwe amaBhunu ayebaphuca izinkomo zabo baze baphoqeleka ukuthi bayozifihla ehlathini lakwaLangwe. Lapho kunomhume owawucashe oMakhanda Mbongwa noMjongo Bhengu ababelwa Impi yamaKhanda ngowe-1906, bengamalungu esonto likaZulu iZulu Congregational Church. Ngemuva kwempi yowe-1838 amaBhunu aqala ehamba akha kuzona zonke izindawo ezaziphethwe ngaMakhosi aseMbo ngoba zazinothile. Ibhunu lokuqala ukwenza lo mkhuba kwabe kunguJohn Vanderplank, kuthiwa wayehamba ngehhashi ehamba ebeka amatshe eqoqa zonke izindawo zabaMbo kusuka eNkambathawini kuya eNsangwini, eNsuka, eMhlongamvula naseStoni ngeminyaka yowe-1860. Wayehamba ethi kubantu uzinikwe nguHulumeni. Abantu ngaleso sikhathi babengazi nokuthi yisilwane sini uhulumeni.

Abantu ababakhe kulezi zindawo wayebathatha abenze izisebenzi zasemapulazini kwesinye isikhathi baphoqwe ukuyosebenza esibhalweni noma eGoli behamba ngezinyawo. Kuthiwa baningi ababhunguka ngenxa yobude bendlela. Leli bhunu lafika laguqula wonke amagama esintu alezi zindawo lawaqamba ngesiBhunu nangesiNgisi iNsuka lathi kuse Hopewell, eMkhambathini lathi kuseCamperdown, eNsangwini lathi iThornville, iNgomankulu lathi kuseMouth Pleasant, eMhlongamvula lathi kuseMount Desire eThala lathi kuse Leeu Poort, njalonjalo. Uma ubheka imvamisa yawo wonke amagama ezindawo zabaMbo ngamagama ezindawo ezitholakala kwelakwaZulu eNkandla, yingakho maduze nelokishi laseMpumalanga uthola indawo ebizwa ngeNkandla.

> **Abanye abantu abasebengoma-sitende basebengenwe ngumoya wezikhova behambisana noHulumeni wobandlululo**

Waguquka kanjalo ke umlando namagugu aseMbo. Lasuka eCamperdown layokwakha ngezansi komuzi kaMnukwa Mkhize, maduze nomfula uMlazi lapho kuthiwa khona kuseZiqandeni ngaphesheya kwaseKhenana.

Baqala abaMbo babayizigqila zasemapulazini ezweni labo. Ngemuva kowe-1913 abaMbo basuswa ngenkani kulezi zindawo bayohlaliswa ngenkani eHopewell, abasala baqhubeka babayizisebenzi zasemapulazini. iHopewell yayisivele isidatshuliwe yaba yiziqeshana idayiselwa abantu, ababethelisa ngabantu ababexoshwa emapulazini. Leli gama elithiwa kuseNsuka lachuma kakhulu ngemuva kwalesi sigameko, ngenxa yokuthi kwakuphindwe kususwe abantu eHopewell ababevele bengabokudabuka sekufakwa omasitende. Kwaqala lapho ukuthi le ndawo yaseNsuka ibe unokhesheni, namadlelo engasekho. iNkosi uMguquka ngenxa yokuthi abantu bakayise base bengenandawo naye waphoqeleka ukuthi athenge indawo obekuvele kungeyakubo, enzela abantu ababexoshwe emapulazini.

INkosi uMlulama wasuka eNgilanyoni wayokwakha kwaZwelibomvu ngowe-1860 ngemuva kokungaboni ngaso linye phakathi kwakhe nomfowabo iNkosi uNgunezi kaSiyingela.Wasuka lapho walibhekisa kwaMtamtengwayo nalapho akahlalanga isikhathi eside wasuka lapho walibhekisa eHopewell endaweni ebizwa ngoMkhuzane nalapho afike akha maduze nemifula uMkhuzane noMlaza endaweni eyagcina ilipulazi lakwaMapstone kwaRoyi. Wafike wabusa bonke abaMbo bakayise ababakhe kuyo yonke le ndawo. Yingakho ayebizwa ngeNkosi yasemapulazini yingoba iningi labantu bakayise belakhe emapulazini kodwa elibusa. Kodwa waphinde washintsha inxiwa wayokwakha eMhlongamvula lapho akhothamela khona ngoMandulo we-1888, nedlinza lakhe likuyo le ndawo. Indodana yakhe uMguquka uthathe izintambo ngamhla zingama-31 kuMfumfu we-1889.

Ngemuva kokushona uSichwe kwathatha indodana yakhe uMnukwa owaba yinduna yeNkosi uMguquka kaMlulama ngesikhathi seMpi kaBhambatha.

Kuthiwa uMnukwa wayenezinkomo eziningi. Izinkabi zakhe zaziqashwa ngabelungu baseCamperdown (eMkhambathini) zithutha izivuno zisuka khona ziya edolobheni laseMgungundlovu. Abelungu babengakabi nazo izinto zokuthutha ezanele kanti ngaleso sikhathi idolobha laseMgungundlovu lalisathuthuka kudingeka izinto eziningi zokuthutha impahla, ukuswelakala kwezinto zokuthutha kwenza abalimi abamhlophe ukuthi baphoqeleke ukucela usizo kubalimi boHlanga.

Indodana kamnawakhe uMnukwa, uNogotsho kaMaphoshela waba yinduna yeNkosi uBhenjamini eHopewell ngeminyaka yama-1950 kuya kweye-1960. Kanti futhi nguye owaba yibambabukhosi ngesikhathi kukhotheme iNkosi uBhenjamini ngowe-1965. Kuyo le minyaka kwafika abaMbo bakaVokwe ababesuka eMkhomazi endaweni yakwaHelele abazihlobo zalowo owayengumphathi weRadio Zulu noKhozi FM uMnu uWelcome 'Bhodloza' Nzimande. Bakha epulazini lakwaLouis endaweni eyayibizwa ngoMgxobeleni nalo eliyingxenye yeHopewell nase-Argosy (eKhenana). Nabo basuswa ngesikhathi seGroup Areas Act ka 1950 bayohlaliswa eHopewell. Ngemuva kwaNogotsho induna kwaba nguMfeka noNkomo kwase kungena abendlu yakwaVokwe kwabekwa uBhanyaza "Jija" Mkhize owaba yinduna isikhathi eside, ngemva kwakhe kwathatha umfowabo uNompempe, ngemuva kwakhe kwabayinduna uMncwabe okhona njenga yimanje. iHopewell njenga yimanje ibuswa Nguthamsanqa kaMbhoyi kaBhenjamini kaMguquka kaMlulama kaSiyingela kaZihlandlo.

Ngeminyaka yowe-1950 kuya kowe-1980 abanye abantu abasebengomasitende basebengenwe ngumoya wezikhova behambisana noHulumeni wobandlululo bengasabuhloniphi uBukhosi bethi nabo bangamakhosi ngoba banabantu ababathelisayo. Lowo mbono waphikiswa kwathiwa iNkosi yinye eHopewell nguMbhoyi kaBhenjamini kaMguquka kaMlulama, uMlulama Secondary School uqanjwe ngaye.

Inkosi uMguquka, uBhenjamini noMbhoyi babuse ngezikhathi ezimbi lapho ubandlululo lwaludla lubi. UHulumeni namaBhunu bazama kaningi ukususa abantu baseHopewell. Babengabafuni nokubabona kule ndawo abakuyo yayihlonzwe njengeBlack Spot ngowe-1950, okusho ukuthi indawo yabantu abansundu ezungezwe ngabelungu. Umthetho weGroup Areas Act wawuthi abantu abakhe kanjalo mabasuswe. Kwakuthiwa bazosuswa basiwe koMkhomazi, eWillowfontein noma eMhlongamvula. IHopewell yiyona kuphela indawo lapho abantu bakhona abakwazi ukulwisana noHulumeni wobandlululo bebambisene neNkosi uBhenjamini noMbhoyi Mkhize. Kwagcina ngokuthi uHulumeni ehluleke ukubagudluza. Ngowe-1980 sekuphethe iNkosi uMbhoyi kwaqubuka isifo sohudo esedlula nemiphefumulo yabantu abaningi endaweni, kwaba nezinkolelo zokuthi amaBhunu aphosa ubuthi eMfuleni uMlazi ukuze abantu bezosaba basuke kule ndawo. Okunye ngeHopewell kwabanezimpi umphakathi ulwa wodwa ngeminyaka yowe-1990 kuya kowezi-2000 kodwa ngenhlanhla latholakala ikhambi lokuthula kuze kube yimanje kunokuthula.

■ *Ubhalwe nguSenzo kaJi kaMseshi kaMnukwa kaSichwe kaMagabha kaMbangi kaKhabazela kaMavovo eHopewell (eThala).*